

Sekuyakhanya phambili kuNana

LUNGA NTULI

UKUSHIYWA ngaphandle eqenjini lesizwe labaneminyaka engaphansi kwengu-21 lebhola lomnqaliswano nyakenye yikhona okwenza uNontuthuko Khomo odume ngelika "Nana" abe nentshisekelo enkulu ekuqokweni kwelanonyaka.

Ukuzikhandla kwakhe yikhona osekumfake eqenjini lika Under-21 lakuleli ebelidlala ne-England ngenyadla edule. Ngale kwalokho le ntokazi, 20, kulindeleke ukuba ilibhekise kuWorld Youth Netball Championships eGlasgow, eScotland, ngonyaka ozayo.

UNana utshele iSunday Times Zulu Edition, ukuthi ukungaqokwa nyakenye kwamfikisela ukudinwa okukhulu nemibuzo mayelana nokudlala kwakhe.

"Ngazibuza ukuthi kungani ngingaqokwanga ngoba phela ngangidlale kahle futhi nami ngazibona ukuthi kumele ngingene eqenjini lesizwe. Kusukela ngalolo suku ngazitshelela ukuthi ngizozikhandla kakhulu kunakuqala," kusho uNana.

Cishe into eyayiyimbangela yokuthi le ntokazi yaseMlazi efunela iSport Management eDurban University of Technology ikhulume kanje yingoba yayiqala ngqa empilweni yayo ukungaqokwa.

Kusukela esemncane uNana, ngokusho kwakhe, uthi ebeyilolu hlobo labadlali abaziwayo ukuthi uma sekumenyazelwa amagama abantu abaqokiwe nelakhe alisali ngaphandle.

Ukuqala kwakhe ukudlalela iqembu lesifundazwe wayeneminyaka engu-15 nokulapho wahamba neqembu leKwaZulu-Natal Under-15 ukuyodlala eGoli.

"Ngangenza uGrade 9 kanti

Wafakwa ugqozi wukushaywa ngesithende

'Ngangiseqenjini leTheku, kwathi uma sekuqediwe igama lami laba kwabizwayo'

ngangijabule kakhulu ukuthi nami ngizothola ukodlala kwezinye izifundazwe. Kusukela lapho angibange ngisaphuma eqenjini leKZN njengoba ngaze ngaphothula umatikuletsheni eMowat Park Girls High School ngo-2009," kusho uNana.

Ukudlala kahle emqhudelanweni wamaNational Championships ahlanganisa zonke izifunda yikhona okwamdonselela amehlo abaqoki kulo nyaka.

"Ngangiseqenjini leTheku kanti kwathi uma sekuqedwe ukudlalwa nami igama laba ngelinye kulawo abizwayo. Kahle kahle sabizwa saba ngu-30 kodwa sagcina sesisele singu-15," kusho uNana. Ukuqokelwa eqenjini lesizwe kuyiphupho cishe lanoma yimuphi umdlali, nakuba kunjalo kodwa kuza nomsebenzi omningi. NakuNana kube yiso lesi njengoba kudingekile ukuthi azikhandle kakhulu kunakuqala.

"Ngajabula ngesikhathi ngiqala ukuzwa ukuthi ngiqokiwe ngoba phela ngesikhathi ngingaqokwanga nyakenye ngatshelela umqeqeshi wami ukuthi kulo nyaka ngizongena eqenjini lesizwe. Abantu abaningi babezitshelela ukuthi ngiyazidlalela nje kanti ababoni ukuthi ngiqinisele njengoba ngazikhandla ngokweqile. Kumanje ngishaya umgwaqo zonke izinsuku kabili ngosuku," kusho uNana.

Maningi amantombazane adlalayo kuleli kanti lokho kusho ukuthi maningi futhi nalangazelela ithuba

lokungena eqenjini lesizwe.

Iningi labadlali phambilini belifike livele isizini eyodwa emva kwalokho uthole umuntu esenyamalele. Ngenhlahlala uNana ukuqonda kahle lokhu futhi yingakho ethe akafisa ukulenze iphutha lokunethezeka kuleli qembu.

"Ukuqokwa kwami kungenze ngabona ukuthi kumele ngizikhandlele uma ngifuna ukuthola indawo egcwele kuleli qembu. Uyazi ukuthi ngendlela okusetshenzwa ngayo, kungathi ngisho nizilolonga kunomuntu onibukayo olokhu ethi 'uma ungenzi kahle ngiyakukhipha'. Yikhona lokhu okungenza ukuthi ngisho sizilolonga ngiwakhiphe wonke amangwewu," kusho uNana.

Ukufika kuleli qembu kuyiguqulile le ntokazi indlela edlala ngayo njengoba abaqoki besizwe bebone ikhono ebingalinali yona mayelana nokuthi iyiphi indawo ekumele iyidlale. Esikhathini esiningi lokhu kuyaye kubabulale abanye abadlali, kodwa uNana yena uthi kusamsebenzela kahle okwamanje. Ekukhuleni kwakhe, futhi nangesikhathi eqokwa eqenjini lesizwe ebedlala emuva kodwa manje usedlala phambili endaweni yeCentre ne-wing attack.

"Bengingazi ukuthi ngiyakwazi ukudlala phambili, bengihlezi ngivale emuva ngaso sonke isikhathi. Nakuba uguquko kungeyona into elula kodwa ngicabanga ukuthi lokhu

kuzongisiza kuphinde kusize neqembu lenze kahle. Mina ngokwami angiphathekile kabi ngokuguquliswa indawo inqobo nje uma ngifike ngadlala kakhe," kusho uNana.


Iphupho likaNana manje wukuhlala kuleli qembu kuze kufike umqhudelanwano weNdebe yoMhlaba ka-Under 21 ozoba ngonyaka ozayo.

"Ngingajabula kakhulu ukungena kuleli qembu elizogcina lihambile, kodwa konke kuzoncika ekutheni ngizikhandle kangakanani," kusho le ntokazi. Ukubhekana neqembu lase-England uthi kumsize kakhulu ekunyuseni ukuzethemba kwakhe kanye nezinga lokudlala.

"Kube yithuba elihle kakhulu kumina leli ukuqophisana nezingane ezidlala kuleliya lizwe. Okukuqala nje khona izinga lalo mdlalo liphezulu kakhulu futhi kuba intokozo ukufunda kubona," kusho uNana.

Ngale kokungena kwelika-Under 21 kodwa le ntokazi iphinde yakuveza ukuthi ingakuthokozela futhi ukudlala eqenjini leProteas ngelinye ilanga. Ekwenzeni njalo yingakho ikhethe ukubiza indlela kwabaphambili okunguBongiwe Msomi noPrecious Mthemba bakulesi sifunda abadlala kuleli qembu.

"Ngibe nenhlahlala enkulu yokuthi uBoh ngifunda naye futhi ngithole nethuba lokuthi ngidlale naye. Lokhu kungisizile ekutheni angicobebele ulwazi oluningi mayelana nokuthi kumele wenze njani ukuze ugcinwe umgene eqenjini elikhulu kanti impendulo ihlezi ithi- ukuzikhandlela ngaso sonke isikhathi," kuphetha uNana.



INTSHISEKELO: UNontuthuko Khomo odlala ibhola lomnqakiswano

Isithombe: LUNGA NTULI